**A ITabernakele lempela.**

- ❖ Ngokufunda iBhayibheli, Abalindi ngemva kokuphoxeka ngo 1844 bafumana ukuthi kunezindawo ezingcwele ezimbili: (1) indawo engcwele emhlabeni, engumfanekiso nesithuzi saleyo yangempela (Heb. 8:5); nanokuthi (2) indawo engcwele yasezulwini, eyakhiwe nguNkulunkulu uqobo (Heb. 8:2).
- ❖ Indawo engcwele yokuqala, namatempele alandela yona kwaze kwaba ngo AD 70, ayenziwe ngokulandela umfanekiso walelo uNkulunkulu alikhombisa uMose (Ex. 25:40). Kuwona iWundlu lempela nompristi oMkhulu wethulwa: UJesu (Johane 1:36; Heb. 4:14).

**B Ukuhlanjululwa.**

- ❖ Yize ama-Israyeli ayexolelwa ngokuletha imihlatshelo yawo, isono sawo "sasindluliselwa" endaweni engcwele. Ngakho-ke, ukuhlanjululwa kwayo kwakudingekile. Lokho kwakwenzeka ngelanga lokubuyisana, elisaziwa nanamhlanje kumaHebheru njengosuku lokwahlulela.
- ❖ Uma kukhona ongazithobanga ngalolo suku, aphenduke ezonweni, "wayenqunywa" (Lev. 23:29-30). Isigwebo sakhe sasiphuma ngalolo suku. Ngendlela efanayo, lapho kuhlanjululwa indawo engcwele yasezulwini, isigwebo sethu siyophuma. Kusenjalo, namhlanje wusuku lokuzihlola emphefumulweni, usuku lokwenza isinqumo (Heb. 3:14-15).

**C Ukwahlulela.**

- ❖ Ngokwesiprofetho, ukuhlanjululwa kwendawo engcwele ezulwini – okungukuthi, ukwahlulela – kwaqala ngo 1844. Kusukela ngaleso sikhathi, ibandla labalindi lamemezela kakhulu ukuthi ihora lokwahlulela kwakhe selifikile, limema bonke abantu ukuba bakhonze uNkulunkulu, nokuba baphile nokwemithetho yakhe. (Isamb 14:7).
- ❖ Kanti ukwahlulela akuyikwenzeka lapho uJesu ebuya emhlabeni na (1Ch. 16:33; 2Tim. 4:1)?
- ❖ Lapho uJesu ebuya, ufeza isigwebo esesinqunyiwe, ngoba uza nomvuzo wakhe ukunika yilowo nalowo njengokwemisebenzi yakhe" (Isamb 22:12); Uyakuthuma izingelosi zakhe ziqoqe abakhethiweyo (Mt. 24:31); avuse abafileyo ababekholwa kuye (1Thes. 4:16). Qaphela ukuthi abafileyo ababengakholwa abavuswa lapho uJesu ebuya ngakho-ke abahlulelwa ngaleso sikhathi (Isamb 20:4-5).

**D UMusa nokulunga.**

- ❖ Imiyalelo eyi 10 ebekwe emphongolweni imele indlela okwahlulelwa ngayo, ukulunga kukaNkulunkulu (Umshu 12:13-14). Isihlalo somusa sibekwe phakathi komthetho kanye nobukhona bukaNkulunkulu bumele umusa wakhe (1Jn. 2:1-2).
- ❖ Indlela eya endaweni engcwele yasezulwini iqala ngokwamukela umhlatshelo kaJesu (Igazi lakhe lafafazwa e-altare lempepho)
- ❖ Qhubeka ngempilo yokuhlanganyela noKristu (Igazi lakhe elafafazwa phezu kwesihenqo, phambi komphongolo)
- ❖ Eliyophelela lapho icala lethu lethulwa phambi koMahluleli (Igazi lakhe lifafazwe phezu kwesihenqo, phambi komphongolo)
- ❖ Ukulunga kudinga ukuhambelana nomthetho. Umusa wamukela impilo ephelele kaJesu esikhundleni seyethu (1 Pet. 1:18-19; 1 Johane 4:17).

**E UMmeli kanye noMnxuseli.**

- ❖ Ekuphileni kwethu konke, ngempela, ngesikhathi sokwahlulelwa, uJesu unguMmeli wethu (1Jn. 2:1).
- ❖ Umsebenzi kaJesu endaweni engcwele yasezulwini usifundisa:
  - — Ukuqonda okuphelele kohlelo losindiso
  - — Okufunwa ngumthetho kaNkulunkulu
  - — Intengo enkulu yosindiso lwethu
  - — Indlela eyavulwa nguJesu eyokufika kuYise
  - — Ukukhuseleka kokuba sikwazi ukuya kuNkulunkulu ngesibindi

- Soon, the Judgment will end and Jesus “will appear a second time, without regard to sin, to save those who wait for him” (Heb. 9:28)